## UMBONO, IZINHLOSO, OKUQONDIWE NAMAQHINGASU

Kuyothi kushaya owezi-2030 uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoba ngophuma phambili ekuhlinzekeni ngamanzi esifundazweni iKwaZulu-Natal lapho imiphakathi yawo iyobe izuza emikhakheni yezolimo nezokungcebeleka ehlabahlosile.

## ISITATIMENDE SEZINHLOSO

Ukusebenzisana nemiphakathi yawo nababambiqhaza uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoqinisekisa ukuthi uhlinzeka izinsizakalo zamanzi ahlanzekile, aphuzekayo angaphazamiseki kanye nezinsiza zenhlanzeko ezifanelekileyo futhi ulwele ukuthuthukisa imikhakha yezolimo nezokungcebeleka ukuqinisa isithunzi sabantu.

## IZIMISO EZINQALA

Ukuveza obala • Izibophezelo • Ukubonisana • Ukuzibophezela nokwethembeka



# UHLU LOKUQUKETHWE


| | |
|---|---|
| Amazwi Okwandulela oMhleli | 04 |
| Isandulelo seMeya | 05 |
| Isethulo seMenenja kaMasipala | 06 |
| Izilokotho zikaKhisimusi nonyaka omusha zeMeya kaMasipala weSifunda | 07 |
| UMasipala waseHarry Gwala uMkhandlu oMkhulu | 08 |
| Umbiko ngamanzi - udidiyelwe ithimba lamanzi eHarry Gwala | 10 |
| IMeya ibe yisibani kwabaningi yethweswa iziqu ze-Public Administration | 11 |
| Intaka ibibekelwe amazolo ngemikhankaso ye-IDP eHarry Gwala | 12 |
| I-Harry Gwala nomkhankaso wokonga amanzi | 16 |
| I-Call Centre kaMasipala | 17 |
| “Uyaqina umkhankaso wokuxhumanisa abantu nomhlaba ngobuchwepheshe” | 18 |
| Khansela elisha eMkhandlwini waseHarry Gwala | 20 |
| IMeya ishayela ihlombe umsebenzi wamaphoyisa ngabaqothwa eHlokozi | 21 |
| Ubumbano empini yokulwa noMdlavuza | 22 |
| Intsha yase-Harry Gwala ihlomule ngokuthuthukiswa kwamakhono | 23 |
| IMeya izishaya isifuba ngezintombi nto zase-Harry Gwala | 24 |
| IHarry Gwala igubhe iminyaka engu-30 yeNkululeko kufika ibhasi lomjikelezo | 25 |
| IMeya yeSifunda eshashalazini ngezentuthuko eHarry Gwala | 26 |
| Imininingwane Ngephrojekthi Yamanzi - Creighton Water Supply | 27 |
| Imininingwane Ngephrojekthi - Umzimkhulu Rising Main | 28 |
| Ukuqiniswa kwamaxhama kwabezokuxhumana nabezindaba eSifundeni iHarry Gwala | 29 |
| Umbiko Ngezinhlekelele: Ukukhithika okungavamile eHarry Gwala | 30 |
| Umlayezo woSuku lokuBuyisana kaMhlonishwa uMeya weSifunda iHarry Gwala, uKhansela ZD Nxumalo | 31 |
| Injabulo kuvulwa esikaShaka | 32 |
| Amadoda nomkhankaso wokushiya ibutho lika'Felaphakathi' eHarry Gwala | 33 |
| i2024 Golden Games | 34 |

AMAZWI OKWANDULELA OMHLELI



**UMnu uNdabezitha Tenza**
Umphathi Wezokuxhumana

# Asamukele ukungafani kwamasiko ethu sibe simunye

NGINAMUKELE futhi nonke kulolu shicilelo lwesibili kunyaka-mali ka-2024/2025. Kuhle sideze sikhumbuzana ngesidingo saleli phephabhukwana, eliyindlela yokuqoqa okumqoka okwenzeka eSifundeni sethu sinibikele ngakho njengomphakathi lapha

It is a great pleasure and privilege that I welcome you once again to the issue of our second quarter newsletter ngoba lo Masipala ngowenu.

Ukulethwa kwezidingo zomphakathi ngenye yezinqola zokubhekana nobubha ngezinhlelo ezisuka ziklanywe uhulumeni. Enye yamasu uMasipala wethu onawo ukuthi kube nokusebenza njengelima uma kulethwa izidingo. UMasipala weSifunda iHarry Gwala kade enesithangami esibizwa ngeWater Indaba lapho bekuboniswana ngezingqinamba zokuphakelwa kwamanzi emiphakathini kanye nezenhlanzeko, ukuze kube nezithombululo lapho kungahambi kahle khona. Bheka nje sesibe nemikhankaso yokufundisa abantu kuMasipala wendawo iGreater Kokstad lapho bekucaciswa ngama-prepaid meters afakwayo.

Siyathokoza ukuveza ukuthi siyakwamukela ukuthi kulesi Sifunda sinamasiko ahlukene nokwenza sibe yiSifunda esehlukile. Kuhle lokhu. Ngenyanga yamaGugu uSepthemba kuhlale obala lokhu kwahluka kwethu njengoba besenze umcimbi uSiyaya eMhlangeni lapho besiyothi hambani kahle ezintombini ebeziya eMkhosini woMhlanga ziyomela iSifunda iHarry Gwala.

> **asiqaphele bakwethu ngokujabula kuze kweqe ngoba ayadlula la maholidi, sisazodinga ukuqhubeka nempilo nangemuva kwawo. Asisebenzise izimali zethu ngokuhlela, singangeni ezindlekweni ezingahlelelwanga. Unyaka ka-2025 nawo ususemnyango unezidingo zawo.**

Asimile lapho, sinezinhlelo zokufukula intsha yeSifunda ukuze yandise amakhono ayo emikhakheni eyahlukene. UMasipala usanda kuqeqesha wakhipha nezitifiketi abasha abazokwazi ukusebenza ngemishini eyahlukahlukene embonini yezokwakha, Kule mishini kubalwa isigxishi (roller-rider), isixaxa (excavator) ne-TLB. Ama-TLB ayisidingo ezindaweni nasezintweni eziningi emikhakheni eyahlukene okubalwa kuyo ukulayisha amathilogo nokuphendla lapho kusuke kuzosetshenzwa khona. Sikholelwa ekutheni lolu hlelo luzokwenza umehluko omkhulu entsheni ebiyingxeye yalo.

Angiphethe ngokunikhumbuza ngokuthi sesingene esikhathini samaholidi kaDisemba ahambisana nenjabulo neziphithiphithi. Kodwa asiqaphele bakwethu ngokujabula kuze kweqe ngoba ayadlula la maholidi, sisazodinga ukuqhubeka nempilo nangemuva kwawo. Asisebenzise izimali zethu ngokuhlela, singangeni ezindlekweni ezingahlelelwanga. Unyaka ka-2025 nawo ususemnyango unezidingo zawo. UKhisimusi uyisipho esivela kuNkulunkulu, njengoba kusho uPhapha uFrancis: "UNkulunkulu akakuniki isipho ongakwazi ukusamukela. Uma esinikeza isipho sikaKhisimusi yingoba sonke siyasiqonda futhi siyakwazi ukusamukela.

Ubudlabha emalini ngesikhathi sikaDisemba budala izinkinga, ukwenza izinqumo ezingahleliwe ngalesi sikhathi kungasho ukuthi asisiqondi lesi sipho sikaNkulunkulu.

Umbhali wamanoveli waseNorway, uSigrid Undset, yena uxwayisa ngokuthi uKhisimusi akusona isipho nje kuphela esisinikwa uNkulunkulu: "Uma sesinikezana izipho egameni laKhe, asikhumbule usinikeze nezinye ezinini izipho - ilanga, inyanga nezinkanyezi, nomhlaba namahlathi awo nezintaba zawo nolwandle nakho konke okuphila kuwo nokunyakazayo.

Izipho ezivela Phezulu kumele sizamukele kahle, sizithokozele ngokulingana singabantu. Lokhu okushiwo uSigrid kuyisixwayiso kubantu ukuthi uma uKhisimusi siwuthatha mawala singagcina senza izinqumo ezingezinhle.

Egameni lethimba lezokuxhumana, sinifisela uKhisimusi omuhle nonyaka omusha onentokozo.




**UNKS UNONTUTHUKO NGUBANE**
UMXHUMANISI KAMASIPALA NOLUNTU (PRO)



**UMNU ULINDOKUHLE CHILIZA**
OMELE I-GOVERNMENT COMMUNICATIONS AND INFORMATION SYSTEMS (GCIS) E-HARRY GWALA



**UNKS UATH'ENKOSI BAQWA**
ISEKELA KWEZOKUXHUMANA



**UNKS UXOLISWA DLAMIN**
SEKELA KWEZOKUXHUMANA KWA-EPWP



**UNKS UFUNDISILE QOZA**
ITHWASA KWEZOKUXHUMANA KWI-EPWP

ISANDULELO SEMEYA

# Okuseqhulwini ukuqeda amapayipi amanzi avuzayo amosha amanzi



UMhlonishwa, uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo

KUYINTOKOZO enkulu kimi ukuba ngiphinde ngikwazi ukuxhumana nezakhamuzi kuwo wonke amagumbi eSifunda sethu kuMasipala iHarry Gwala. Kukule nkundla lapho sikwazi ukuxhuman khona senabe ngakho konke okuthinta indawo yakithi, kodwa lolu shicilelo lungolumqoka kakhulu ngoba olokugcina onyakeni ka-2024. Sizoze sibe nolunye onyakeni omusha u-2025.

**Ukwembulwa komfuziselo seLembe**

Ngibe nethuba elingandele bani lokuba ngimele iSifunda iHarry Gwala ngesikhathi uhulumeni kazwelonke oholwa uMengameli Cyril Ramaphosa ehambisana noNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa uThami Ntuli neNdlunkulu ebiholwa iSilo uMisuzulu KaZwelithini kwembulwa umfanekiso weSilo saKwaDukuza eKing Shaka International Airport.

Lapha kwakuhlonishwa futhi kuqhakanjiswa ingqalabutho yesizwe sikaZulu. NjengeSifunda esingaphansi kwesifundazwe iKwaZulu-Natal, ngalo mcimbi kwaqopheka umlando futhi kwaba lusuku olwangena emiqulwini esizweni samaZulu.

Lo mfuziselo, obude bawo bungamamitha angu-12, ugabisa ngelinye lamaqhawe aseNingizimu Afrika njengoba iLembe labumba isizwe samaZulu. ISilo saKwaDukuza sahola umbuso kaZulu kusukela ngo-1816 kuya ku-1828. ILembe lavelela kakhulu ngobuchule balo bokwakha umkhumbi wempi oqinile ngenhloso yokuhlanganisa zonke izizwe ngaphansi kombuso owodwa.

Inkosi uShaka wabulawa ngo-1828 kodwa nanamuhla, sekwedlule iminyaka engu-196, usahlonishwa njengeqhawe elehlukile. Ngesikhathi kwembulwa umfuziselo, uMengameli Ramaphosa wachaza lo mfanekiso njengophawu lobumbano, ubuqotho nobuholi obuviuthiwe kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

Njengesakhamuzi kulesi sifundazwe saKwaZulu-Natal, ngiyazigqaja futhi ngizizwa ngihloniphekile ukuba ngibe yingxenye yalo mlando.

**Ukufuqa umkhankaso wentuthuko eSifundeni**

Sesithathe elikhulu igxathu emizamweni yokuqinisekisa ukuthi ukulethwa kwamanzi nenhlanzeko kuyenzeka njengesethembiso kuMasipala weSifunda iHarry Gwala. Zikhona izingqinamba nobuginxiginxi endleleni kodwa akusimisi ukuba siphokophelele empumelelweni.

Ngesikhathi semikhankado ye-Integrated Development Plan (IDP) kumawadi ahlukene komasipala abangaphansi kweHarry Gwala, sakwazi ukuveza amazwibela ngosekwenziwe uMasipala wethu, saphinde sacacisa ngokuthi yikupho okuseqhulwini.

Okunye nje esikubeke eqhulwini ngokwezinhlelo ukuqesa ukuvuza kwamapayipi okuyikho okudala inkinga yokumosheka kwamanzi. UMasipala weSifunda useqalile ukufaka amamitha e-prepaid njengomunye wemizamo wokugwema ukumosheka kongeke amanzi.

Ngaleyo ndlela siyacela ukuba izakhamizi zibambisane nathi kulo mkhankaso wokongiwa kwemvelo engamanzi, ngokubika uma kukhona ukuvuza kwamapayipi noma balungise uma ukuvuza kungaphakathi emizini yabo.

> "Kuzomele sibambisane njengomphakathi wakulesi Sifunda iHarry Gwala silwe nalobu bulwane ngokuthi sisebenzisane nabomthetho. Ngale kwalokho sizophila kanzima kuze kube nini?

**Izigameko zonyaka**

ISifunda sethu siyaqhubeka nokwehlelwa yizigameko zobugebengu obuhlasimulisa igazi. Ngenyanga uSepthemba kwahlaselwa kwabulawa amalungu ayisikhombisa omndeni wakwaKhambule eHlokozi.

Lo muga wathusa abantu abaningi endaweni yakithi, yangishiya nenhliziyo ebuhlungu. Ngihlale ngihlala ngizibuza ukuthi ubulwane obungaka budalwa yini. Bonke basocongwa kabuhlungu, abanye besebancane kakhulu. Omdala kunabo bonke wayeneminyaka engu-64, kwathi kwabancane kwaba khona oneminyaka engu-5 no-10.

Kuzomele sibambisane njengomphakathi wakulesi Sifunda iHarry Gwala silwe nalobu bulwane ngokuthi sisebenzisane nabomthetho. Ngale kwalokho sizophila kanzima kuze kube nini?

Ngiyanikhuthaza nonke ukuba sibambisane nezinhlaka zomthetho ukuze sibangule iva lobugebengu emiphakathini yethu.

**Isikhathi sokujabula**

Sesingenile esikhathini esivame ukuza nenjabulo yehlobo nokuba yisithuba sokuhlanana kwemindeni nabangani. Kodwa kunendawana ebuhlungu ngoba kungalesi sikhathi futhi lapho kubuye kube nobudedengu obuphela ngezinyembezi negazi ngenxa yokukhula kwesibalo sezingozi emigwaqeni yethu nokudlanga kobugebengu.

Lesi kumele kube yisikhathi sokuhlaba ikhefu, sithokoze. Asenze konke okusemandleni ukulandela imithetho yomgwaqo, sehlukane nophuzo oludakayo uma sisazoshayela.

Ngifisa ukuphetha ngokufisela wonke umuntu uKhisimusi omuhle nonyaka ka-2025 onempumelelo. Hlalani niphephile. Ngiyabonga.

ISETHULO SEMENENJA KAMASIPALA



**UMnu uGamakulu Ma-Art Sineke**
IMenenja kaMasipala

# Sengathi ningaba namaholidi amahle, niqhubeke nokuxhumana nathi ngesikhathi sama-IDP

NJENGOMPHATHI wawo wonke umsebenzi kuMasipala weSifunda iHarry Gwala, kuletha intokozo kimi ukubeka amagama ambalwa kulolu shicilelo lwephephabhuku esihlose ngalo ukubika ngakho konke okwenzekayo ezinhlelweni zethu zokulethwa kwezidingo.

UMasipala wethu usukhathule enkulu indima ukubuyiswa ukwethenjwa yizakhamuzi zeSifunda, ikakhulu emisebenzini yentuthuko eqondene nawo njengemanzi nezenhlanzeko. Ukusetshenziswa kwamaqhinga amasha ezingeni leMunicipal Public Accounts Committee sekulethe olukhulu ushintsho ekuqinisekiseni ukweluseka komsebenzi kaMasipala.

Ngokulandela uChapter 5 womthetho iMunicipal Systems Act (No. 32 of 2000), uMkhandlu kaMasipala kulindeleke ukuthi usebenzise uhlelo olulodwa ekuthuthukiseni uMasipala nendawo ayengamele. Lo mthetho yiwo ophethe uhlaka lokulawula ukuthi yini okumele ibe yingxenye ye-IDP, nendlela ezolandelwa.

UMasipala weSifunda iHarry Gwala usalokhu uhlezi ekuzinikeleni ekubeni umasipala othembekile kubantu bawo okuholela ekutheni uhlelo i-Intergrated Develoment Plan (IDP) nemikhankaso yokubuyekezwa kwesabelomali onyakeni ka-2024/2025 kube yimpumelelo. Lokhu ukwenze ngokuxhumana nabo bonke abayingxenye yalo Masipala nomphakathi wonke ezindabeni zokulethwa kwezidingo.

Imikhankaso yanonyaka iqale ekwethwaseni kuka-Okthoba 2024, futhi yahamba kahle kakhulu ngoba uMasipala weSifunda iHarry Gwala wakwazi ukufinyelela kubo bonke omasipala abangaphansi kwawo ukuze abantu babe nezwi ekuphathweni kqweSifunda sabo.

Ngikhuthaza wonke umuntu ukuba avame ukuba khona kule mikhankaso ye-IDP nezimbizo zesabelomali. Kuyilungelo lawo wonke umuntu elikuMthethosisekelo ukuba babe yingxenye yokuthathwa kwezinqumo kuMasipala.

Umthetho i-Municipal Finance Management Act (MFMA), No. 56 ka-2003, ubeka emahlombe eMenenja ukuba konke okwenziwa kumasipala kuqoshwe phansi futhi kumele ngiqinisekise ukuthi konke kulandela umthetho ukuze imibiko yezezimali ithembeke.

IMenenja kumele futhi yenze isiqiniseko sokuthi umbiko wokusebenza kwemali uveza isithombe okuyiso ngomsebenzi owenzeke kulowo nyaka okubikwa ngawo, imiphumela nokulawuleka kwenkece.

SiwuMasipala olandela umthetho, yingakho umbiko obizwa nge-Annual Financial Statement usulungisiwe wacwaningwa ngokulawulwa uSection 126 we-MFMA.

> “
> **Ngikhuthaza wonke umuntu ukuba avame ukuba khona kule mikhankaso ye-IDP nezimbizo zesabelomali. Kuyilungelo lawo wonke umuntu elikuMthethosisekelo ukuba babe yingxenye yokuthathwa kwezinqumo kuMasipala.**

**Umlayezo kaKhisimusi**

Sesifinyelele esiohethweni salo nyaka, okusho ukuthi isikhathi samaholidi sesifikile. Lesi yisikhathi sokuthi siphumule, sihlale nezihlobo nezithandwa zethu, sibuke ukuthi unyaka uhambe kanjani bese sizilungiselela unyaka ozayo.

Yisikhathi sokuphana lesi, nokwabelana kodwa okukhulu lesi sikhathi sisinika ithuba lokubonga esinakho, sikwazi nokuchathazela labo abaswele kunathi. Ngalesi sikhathi senjabulo, ngifiso ukuzwakalisa ukubonga kwami kubo bonke abasebenzi nabalingani kuMasipala wethu ngoba ngaphandle kwabo ngabe asikho lapha esikhona.

Ukuzinikela kwenu nonyaka kuhlale obala. Nibe yithuluzi elihle lokukhula kukaMasipala wethu nempumelelo unyaka nonyaka.

Ngifisela izakhamuzi zase-Harry Gwala District Municipality uKhisimusi unyinyithekayo yinjabulo, onokuphana nothando. Ngalesi sikhathi sethemba nobunye, sifisa ukwedlulisela ukubonga okusuka ekujuleni kwezinhliziyo emphakathini weSifunda ngokubambisana kwawo kukho konke esikwenzayo. Kini nonke sithi uKhisimusi omuhle nonyaka omusha onentokozo.

## ABAQONDISI ABAPHEZULU



**UMNU UKHULANI MTHEMBENI BRIAN MZIMELA**
ISIKHULU ESIPHEZULU SEZEZIMALI



**UNKS UNTOMBIFUTHI NOMVUSELELO FORTUNATE BUTHELEZI**
EZENHLALAKAHLE NEZOKUHLELA INTUTHUKO



**UMNU UNKULULEKO BIYASE**
IZINSIZAKALO ZENGQALASIZINDA



**UNKK UTHOBILE THELMA MATHIYANE MAGAQA**
EZABASEBENZI



**MR. LINDUMUSA GWALA**
IZINSIZAKALO ZAMANZI



# Izilokotho zikaKhisimusi nonyaka omusha zeMeya kaMasipala weSifunda



Lesi sikhathi esikuso singesokujabula nokubuthana kwemindeni, abangani nabathandiweyo bethu bazinike ithuba lokubuka ibanga elihanjiwe onyakeni bese bejabulela nokufika konyaka omusha sebebuyisa umdlandla kabusha ukuze bawuqale ngomfutho.

Isikhathi samaholidi okuphela konyaka siphinde sisinike isithuba sokubonga ngesinakho, sikwazi nokweseka labo abangabusiswanga ngendlela efanayo nathi.

Ngomoya wobuntu, nakulesi sikhathi ngikhuthaza izakhamuzi eSifundeni sethu ukuba zelule isandla kulabho abadingayo eduze kwethu. Asibathole abantu okungenzeka ukuba badinga usizo, silingise owayenguMengameli wezwe, uTata Nelson Mandela owayenentshisekelo ngabantu.

Ngiyazi iningi labantu liyagoduka lihambele izihlobo ukuze babe ndawonye njengemindeni nabangani, ngaleyo ndlela ngiyanxusa ukuba sishayele ngokucophelela. Asiphephe, sihloniphe imithetho yomgwaqo esiwusebenzisa sonke.

***Egameni likaMasipala weSifunda iHarry Gwala, ngedlulisa izilokotho ezifudumele kubo bonke abantu.. Sengathi ningaba noKhisimusi omuhle nonentokozo. Nonyaka omusha ka-2025 akube onempumelelo nonokuthula!***



**UMhlonishwa,**
**uMeya**
**uKhansela**
**uZ.D Nxumalo**

UMBIKO NGAMANZI - UDIDIYELWE ITHIMBA LAMANZI EHARRY GWALA



# UKUHLANZWA KWAMANZI

IMIPHAKATHI eminingi ithembele emanzini sekusebenziseni amanzi ayimvelo njengawasemfuleni, olwandle noma awesiphethu asuke ezohlanzwa bese esetshenziselwa izidingo zansuku zonke. Ngokuvamile lawa ngamanzi aphuma emhlabathini noma agelezayo, amawamachibi nezimpophoma.

Ukuhlanzwa kwamanzi kuba yindlela yokukhipha amakhemikhali angadingeki, ukungcola, okuntantayo noma okusaludaka. Inhloso enkulu kusuke kuwukukhiqiza amanzi afanele ukusebenza kuleso sidingo esifanele.

Amanzi ahlanzekile naphephile amqoka kwezempilo yabantu nokuvikela kokungena kwamagciwane afika namanzi angahlanziwe. Akuphephile ukuyeka amanzi edungekile nanokunye ukungcola, ngaleyo ndlela izindlela zokuhlanza amanzi zineqhaza elikhulu ekutheni amanzi agcina esetshenziswa abantu asezingeni elifanele. Lapha sizoveza izindlela ezahlukene zokuhlanza amanzi, inhloso yazo nokwenzeka kwazo.

**1. Ukusefa: Isiqalo sakho konke**
Ukusefa kukhishwe izinto ezingadingeki emanzini yinto yokuqala emqoka uma kuzohlanzwa amanzi. Isikhathi esiningi kufakwa amanzi esitsheni thizeni esizosefa okusanhlamvu, inzika nokunye ukudungeka. Zehlukene izindlela zokusefa, kuya ngobungako bokungcola obindinga ukususwa:

A) **Ukusefwa kwekhemikhali i-Carbon:** Inethi yokusefa i-carbon yiyona elungele ukuhlukanisa amakhemikhali abonakalayo, i-chlorine nokusansimbi. Isakhiwo esigeleza yiso esikhelwe ukumoma amakhemikhali angadingeki, okwenza amanzi anambitheke kahle futhi angabi nephunga elibi.

B) **Isisefo sehlabathi:** Lezi zisefo zinezindundumana zehlabathi nomgubane asiza ukususa izinto ezinkudlwana emanzini zibhajwe kuso isihlabathi. Avame ukusetshenziswa lapho kuhlanzwa umthamo omkhulu wamanzi nasemanzini aphakelwa ezindlini.

C) **Isisefo esiwulwelwesi:** Lolu lwelwesi oluba yizinhlobo ezahlukene zakhiwe ngendlela yokuthi amanzi adlule kulo, kusale amakhemikhali angadingeki, kuya ngobungako bawo. Isisefo esiwulwelwesana sihle ekubutheni i-bacteria, amagciwane namanje amakhemikhali angcolisayo.

**2. Ukucwenga: Ukukhishwa kwezinhlayiyana zokungcola ezingabonakali**
Ukucwengwa kungenye yezinto ezibalulekile ekuhlanzweni kwamanzi, ngoba kukhipha ukungcola ongekubone ngamehlo okungadala izifo. Kunezindlela ezahlukene zokubulala noma ukuthithibalisa lezi zinhlayiyana:

a) **I-Chlorination:** Ongoti bavame ukusebenzisa ikhemikhali i-chlorine ukucwebisa amanzi. Iyibulala nya i-bacteria, amagciwane nokunye, iphinde ivikele okunye okungcola okungase kungene kamuva kwehlise ukuhlanzeka kwamanzi.

b) **Ukushisa ngelanga (UV Radiation):** Ukusebenzisa imisebe yelanga ngenye yezindlela zokuhlanza amanzi ngoba kubulala ukungcola okudalekayo nokungase kuzalele okunye. Ilanga lingumanqoba ekulungiseni amanzi anambitheke kahle, kuphele nephunga elingelihle.

c) **Umoya (ozonation):** Umoya ohlanzekile uyakuqeda ukungcola ngokuthi kuphephethwe i-oxygen ngamapayipi phezu kwamanzi. Le ndlela Ozone iqeda i-bacteria,amagciwane, nokunye futhi yenza ukunambitheka kube yikho nephunga elibi linciphe emanzini.

**3. Ukulungiswa kwamakhemikhali:** Eqondiswe ekungcoleni okuthile, la makhemikhali ayakwazi ukususa amagciwane emanzini:

a) **Ukushubisa nokuhlambulula:** Ukushubisa kusho ukufakwa kwamakhemikhali anjenge-aluminium sulphate noma i-ferric chloride emanzini, okwenza ukungcola kubuthane ndawonye ukwenza izinhlayiya ezinkulu ezibizwa ngama-flocs. Ukuhlambulula kwenzeka ngokugoqoza ngesinono amanzi ukuze izinhlayiya enzinkulu sisondelane okwenza kube lula ukuzikhipha.

b) **Ukushintshisana nge-Ion:** Le ndlela yenzeka ngokusetshenziswa ngamaqhakuvama asabuhlalu ebizwa nge-resin adonsa ikhemikhali i-ion emanzini, ngaleyo ndlela kuphume konke ongakudingi emanzini njengesansimbi, izivundisi nokunye.

**4. Izindlela zokuhlanza ngobuchwepheshe:** Ukwenza kube lula ukuhlanzeka kwamanzi ngobuchwepheshe besimanje, ososayensi nonjiniyela sebesungule izindlela ezilula nezisheshayo ukucwenga amanzi abe ahlanzekile:

- **Kunendlela ebizwa nge-Reverse Osmosis (RO):** Isebenzisa ulwelwesana oluvuzisa kancane ukuze amanzi akwazi ukudlula kubambeke okusanhlayiyana, okusasawoti, nokunye okungahlanzekile. Isebenza kahle kakhulu uma kucwengwa amanzi olwandle, ukuqeda ukudungeka nasekwenzeni amanzi alungele ukuphuzwa.
- **Kunenye ebizwa nge-Electro deionization (EDI):** Yona ihlangana nalokhu esikufanise nobuhlalu okubutha i-ion ukukhipha ukungcola emanzini kanti yinhle kakhulu ekukhipheni ingcwenga yamanzi asezingeni eliphezulu.

**5. Ukuzihlanzela amanzi ekhaya**
Ukubilisa amanzi umzuzu owodwa ngemuva kokuqala ukugxabha yiyona ndlela elula kuzo zonke ekubulaleni amagciwane emanzini, noma ngabe amanzi awacqwebile kahle. Amanzi angacwebile, avumele ehle adlule endwangini ehlanzekile noma isisefo sekhofi ngaphambi kokuwabilisa. Umzuzu wanele, kodwa uma usezindaweni eziphakeme, wabilise imizuzu emithathu.

Sesiphetha, izindlela zokuhlanza amanzi zibalulekile ukuze siqinisekise ukuthi amanzi ahlanzeke ngokwanele ukuthi aphuzwe. Ukusebenzisa ukusefa, ukubulala amagciwane, ukufaka amakhemikhali nobuchwepheshe besimanje singaqeda ukudungeka kwamanzi, ukungcola nokunye okunadingeki emanzini aphuzwayo.






**IMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela ZD Nxumalo, emcimbini wokwethweswa iziqu kwi-Public Administration. UMkhatshwa uthe abaholi kumele babe yisibonelo ngokwenza imfundo ibe yimfashini.**

# IMeya ibe yisibani kwabaningi yethweswa iziqu ze-Public Administration

IMEYA kaMasipala weSifunda, uKhansela ZD Nxumalo, ifane nomkhuzi wamasosha ozibambela mathupha ngesikhathi yethweswa imiyezane yeziqu ze-Public Administration emcimbini obuseThekwini muva nje.

UMkhatshwa ubeke phansi iketanga lakhe lobumeya okwesikhashana, waba mdibi munye nezitshudeni ebezithweswa imiyezane, lapho uMhlonishwa efakazele ukuthi imfundo kayikhulelwa.

Bekuyinjabulo yodwa kulo mcimbi njengoba nomndeni weMeya ubukhona bekhithuthaza izakhamuzi zakuleli ukuba zifunde.

UKhansela Nxumalo okumanje uyisifundiswa esihlome ngeziqu ze-Public Administration, uthe usazimisele ngokuqhubeka nezifundo zakhe, akhuphukele kwelinye izinga.

Ephawula ngamagalelo eMeya, uSomlomo kaMasipala weSifunda uKhansela Sibongiseni Mdunge, uthe: "Egameni likaMasipala weSifunda sethu, ngifisa ukuhalalisela iMeya yethu ngokuhamba phambili ikhombise ngezenzo ukuthi inkuthazo ethi imfundo ayimi futhi ayikhulelwa. Siyaziqhenya nathi eSifundeni sethu. Lobu ubufakazi bokuthi akukho okungavimba umuntu uma efuna ukuqhubekela phambili."

Ephefumula ngemuva kokwethweswa iziqu, uMkhatshwa ubalule ukuthi kusekuncane lokhu. "Ngisazohlabela phambili ngilwele ukukhulisa ulwazi enginalo nobuhlakani ngoba akufundi iminyaka kumuntu. Ngiyabakhuthaza nabanye eSifundeni sethu abanesifiso sokuqhuba imfundo ukuthi basukume. Akukho ukuthi sengedlulelwe yisikhathi," kukhomoza uKhansela Nxumalo.



**Bebefike ngokuningi babo abantu base-Harry Gwala District Municipality bezolalela ngezinhlelo ze-Integrated Development Plan (IDP).**

# Intaka ibibekelwe amazolo ngemikhankaso ye-IDP eHarry Gwala

UBUKWELINYE igiya umkhankaso we-Intergrated Development Plan (IDP) ngaphansi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala ngesikhathi izakhamizi zizidela kumakhaza ukuzoba yingxenye yokusebenzisa ilungelo labo ekutheni ziyifuna ize kanjani intuthuko kuzo muva nje.

Lolu hlelo luyindlela esetshenziswa omasipala ezweni lonke lapho uhulumeni ekwazi ukusondeza abantu ukuba babe neqhaza ekuthathweni kwezinqumo ngezinhlelo zentuthuko futhi kuvuleke inkundla lapho bezozwa ngenqubekelaphambili ngengqalasizinda eyakhiwayo. Kuphinde kubhekwe emuva ekutheni isabelomali sisebenze kanjani ezinhlelweni zentuthuko.

UMasipala weSifunda iHarry Gwala, ubambisene nomasipala abangaphansi kwawo iGreater Kokstad, Dr Nkosazana Dlamini-Zuma, uMzimkhulu noBuhlebezwe, bathole ukutuswa okukhulu emphakathini ngemuva kokwethulwa kwezinhlelo ngomsebenzi osuwenziwe, wakwazi nokuphendula imibuzo ebikhona.

Eqhulwini kube yizindaba zokuthi uMasipala ukuthi nokulethwa kwezidingo kubantu. Le mikhankaso ye-IDP ibibanjelwe ezindaweni ezahlukene mhla ka-8 Okthiba njengoba owaseKokstad ubuseSuper Room, eDr Nkosazana Dlamini-Zuma usehholo eNhlanhleni kwathi eBuhlebezwe waba seJolivet.

Umhlangano wokugcina ubuse-Underberg Country Club ngaphansi kwe-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Local Municipality. Eminye ebikhona ibe sehholo eJolivet, eMpiyamandla naseMandilini nasePeace Initiative Hall eBuhlebezwe.

KuMasipala wendawo iGreater Kokstad Local ama-IDP Roadshows abanjelwe eBhongweni Youth Centre,









**IziMeya, ubuholi boMasipala babe nethuba lokufaka imilomo nomphakathi ngezimayelana nentuthuko ngesikhathi kunomkhankaso we-IDP ezindaweni ezahlukene. UMasipala weSifunda iHarry Gwala nomasipala bezindawo babe nemikhankaso eyimpumelelo kulezi zindawo abafinyelele kuzo.**

Shayamoya Hall, Franklin Cultural Centre, Twistville nakwezinye.

Kuphinde kwaba nezinye eDr Nkosazana Dlamini-Zuma eBhambatha Hall, Creighton Council Chambers, eBulwer nase-Tarsvelley. Kwathi eMzimkhulu aba seNtsikeni Hall, Chancele Hall, Sisonke Hall, Cydesdale Hall nasehholo Ibisi.

Labo masipala babambisana neminyango kahulumeni ehlukene okubalwa kuwo owezokuThutha, ezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo ezisemakhaya, kanye neminye iminyangi efana neNational Youth Development Agency (NYDA), ne-Independent Electoral Commission (IEC).

Bonke laba bethule izinhlelo nokuqhubekayo ngokwezidingo zemiphakathi abebekhuluma nayo.

Ubumqoka bale mikhankaso ukuthi ihambisana nomthetho i-Municipal Systems Act (MSA) (Act 32 ka-2000) othi bonke omasipala kumele balungise izinhlelo zokubuyekeza ama-IDP. Kulo mthetho, iSigaba 24 siphoqa ukuba omasipala balandele izinhlelo abazenzile, ezihambisana nezethembiso zikahulumeni nenqubo yoMthethosisekelo ukuze kufezeke izinhloso zikahulumeni obambisene.


Imikhankaso ye-IDP ilekelela ukuba yisigcawu sokulalela izimvo zabantu nokubonisana nabo ngokuzokwenziwa. Kukulezi zigcawu futhi lapho imiphakathi ithola ithuba lokuxhumana nohulumeni ekubhekene izinto ezimqoka ekulethweni kwezidingo. Abantu baphinde bekwazi ukwethula izikhalo zabo ngezinselelo abazibonayo ezidingweni ezifana nokulethwa kwamanzi nenhlanzeko nokunye okubhekene nohulumeni.
















**Amalungu omphakathi ahlangane eBhongweni Community Hall, ukuzozwakalisa ilaka labo nokulalela ubuholi nezikhulu zikaMasipala ngama-prepaid meters afakwayo.**

# I-Harry Gwala nomkhankaso wokonga amanzi


## UMasipala ufaka amamitha akhokhelwa ngokuwasebenzisa ukuze wonke umuntu abambe iqhaza ekongeni amanzi.

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala usisukumele phezulu ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu wonga amanzi ngokufaka amamitha amasha lapho izakhamuzi zizokhokhela amanzi ngokwesikalo sokuwasebenzisa kwazo.

Lesi sinqumo sathathwa kulandela uphenyo olunzulu nokucwaninga ukuze kube nezindlela ezizophoqa ukuba umuzi nomuzi ubambisane neziphathimandla ekongiweni kwamanzi ngokubikwa nokulungiswa kwamapayipi avuzayo.

Ngaphezu kwalokhu, uMasipala uzama ukufundisa imiphakathi ukuthi inakekele ukusetshenziswa kwamanzi, kungabi khona ukumosheka okungagwemeka ezindlini ngoba bazojeziswa ngokuthi bakhokhele lezo zindleko.

"Lolu shintsho luzolekelela nasekutheni abantu bangabi nazikweletu zamanzi ngoba kusho ukuthi uzokhokhela amanzi ozowasebenzisa. Futhi akuyona nemali enkulu ukuthola amanzi angaphezulu kwamalitha angu-4000 ngenyanga uma uqhathanisa nesikhathi esedlule lapho abantu bebekhala kuMasipala ngezikweletu eziphezulu ngenxa yamamitha ayengathekisa isikalo samanzi asetshenzisiwe," kusho iMeya uKhansela ZD Nxumalo.






**IMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala uKhansela Z.D. Nxumalo neyase-Greater Kokstad uKhansela M.N.L Madikizela.**

Uthe amamitha amasha azisiza abantu ukuthi baqaphele uma besebenzisa amanzi ngoba kungasho ukuphela kwawo uma ephela awe-prepaid. Empeleni abaningi sebeqala ukuyejwayela le ndlela entsha futhi nezikhalo ababenazo ngayo sezalungiswa.













UKhansela Nxumalo ugcizelele ukuthi kube yisibusiso ukufika kwamamitha amasha ngoba izinkinga zokuvuza kwamanzi namamitha anezinkinga sekuzolumngiseka kalula.

UMkhatshwa, behambisana neMeya yase-Greater Kokstad, eKhansela M.N.L Madikizela bavumelene nomphakathi ngokuthi abantu kumele bathole ama-token e-prepaid ukuze kuqale uhlelo olusha. Lo mhlangano ubuse-Kokstad Youth Centre muva nje. Abantu baphinde baveza nezikhalo eziphathelene nogesi, ama-rates nezinye izidingo. Bakhale kakhulu ngezindleko njengoba iningi labo lingasebenzi.

Kukhona abaphakamise ukuthi kuzoba semqoka ukuthi uhulumeni ulungise ingqalasizinda ngokushintsha amapayipi amanzi ezindaweni ezithile ngenxa yokuthi asegugile. Baphinde banxusa izimeya ukuba zenze imihlangano lapho bezofundiswa ngokuthi la mamitha amasha asebenza kanjani, nangeminye imininingwane ngale ndlela entsha.

Umhlangano uphethwe ngokuthi abantu baqinisekiswe ukuthi izinkinga zabo zizwakele futhi zizosukunyelwa ngokushesha.

---

**Harry Gwala District Municipality**

Amakhasimende aseHarry Gwala District Municipality angafaka imibuzo noma izikhalo ngokuletha imininingwane yabo ngo-Whatsapp noma nge-email.

* Nature of Complaint
* Customer Name
* Contact Name
* Suburb/Village
* Street Name
* House Number

**060 570 6193**

**Customer Care: 086 010 3651**

CUSTOMERCARE@HARRYGWALADM. GOV. ZA

# I-CALL CENTRE KAMASIPALA

LESI sikhungo sisebenza amahora angu-24 futhi sivula nsuku zonke. Umsebenzi waso omkhulu ukuqoqa izikhalo zamakhasimende kaMasipala mayelana nezenhlanzeko, imibuzo ngamanzi nezikweletu, ukubika amapayipi aqhumile nezitamkoko nazo zonke izingqinamba ezimayelana nezidingo zomphakathi eziphuma kuMasipala.

Konke okufunwa amakhasimende kumele kuqoshwe abase-Call Centre ukuze kulandeleke futhi kulungiswe. Ngokohlelo kumele kube kuqinisekiswe ukuthi u-70% wemibuzo nezinkinga zilungiswe ngesikhathi nangemuva kokubikwa kanye.

I-Calll Centre yakhelwe amakhasimende noma izakhamizi ukuze bakwazi ukuxhumana nomasipala ngefoni futhi nabanesifiso sokuzifikela mathupha bedinga ukulungiselwa okuthize bangakwenza lokho.

Kubuye kube nekhasi likaFacebook kulabo abakhetha ukuxhumana nomasipala ezinkundleni zokuxhumana.

**Kubikwa kanjani?**

- uhlobo lwesikhalo
- Igama nesibongo
- Inombolo otholakala kuyo
- Ikheli lkomgwaqo okuwo, ijalidi noma isigodi
- Ungasifaka isithombe lapho kunesidingo khona

Kuyefana noma ubika ngefoni, isikhalo sakho ngo-Whatsapp ifakwa ohlwini lwezikhalo bese unikwa i-reference number nge-SMS. Yile nombolo okumele uyisebenzise ukulandela uma lungasafiki usizo ngesikhathi obheke ngaso.

Inombolo ka-Whatsapp ithi: **0605706193**, noma ushayele i-call centre ku-**0860106351**, noma uthumele i-email ku: **customercare@harrygwaladm.gov.za**.









**Bebejabule abafundi basePholela Special School ngaphansi kukaMasipala wendawo i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma, ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuXhumana nobuChwepheshe ehambele lesi sikole ezokwethula ukuxhumeka kwesikole nge-internet.**

# "Uyaqina umkhankaso wokuxhumanisa abantu nomhlaba ngobuchwepheshe"

UNGQONGQOSHE wezokuXhumana nezobuChwepheshe, uSolly Malatsi, beneMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala uKhansela Zamo Nxumalo nabanye abaholi bahlole ukusebenza kwengqalasizinda yobuxhakaxhaka bokuxhumana ePholela Special School kuMasipala weNdawo iDr Nkosazana Dlamini-Zuma muva nje.

Ephawula ngalokhu, uMeya Nxumalo uthe kumqoka ukusebenza kwe-internet esikhathini samanje . "Izingane zisebenza ngale ndlela manje uma zenza ama-homework, kanjalo nabadadala lokhu kuxhumana kuyabasiza ukusheshe bathole ama-ambulensi nabezimo eziphuthumayo. Ukuza kukaNgqongqoshe lapha kusinika ithemba ukuthi ezokuxhumana zizoshesha eSifundeni asethu," kusho uMeya uNxumalo.

Ethula inkulumo yosuku kulo mcimbi, uNgqongqoshe uthe: "Kuyintokozo kimi ukuma lapha namhlanje, kulesi sifundazwe esihle saKwaZulu-Natal, lapha singagcini ngokugubha amasiko ethu kodwa nekusasa lethu. Sihlangene lapha ukukhombisa ukuthi ezobuchwepheshe nobuxhakaxhaka bungakha izibuko elihlanganisa lezi zimo. Ngaleyo ndlela sie nesiqiniseko sokuthi umcebo wethu osemlandweni uletha ikusasa eliqhakazile emhlabeni onokuxhumana," kusho uNgqongqoshe.

Uthe ukusondezwa kobuxhakaxhaka ekuxhumaneni kuvulela uhulumeni iminyango yolwazi nenqubekelaphambili nethuba lokuvikela nokufundisa ngamasiko anothile ombuso kaZulu emhlabeni wonke.

"Ezobuchwepheshe azilona ithuluzi nje kuphela, zingacaba indlela yokukhulisa izwe nezinguquko. Zenza kube lula ukuxhumana phakathi kwabezizwe, izimboni, ngisho nezizukulwana imbala. Sikhulu isidingo sokuthi wonke umuntu abe yingxenye yalolu shintsho, kungabi khona osalela emuva," kwenaba uNgqongqoshe, owengeze ngokuthi akukhona nje ukuxhumana nge-internet akhuluma ngakho kodwa usho ukuxhumana kwenamuhla nekusasa.

Eqhuba uthe: "Kunomlando omuhle kabi esiwuzwa ngombuso wakwaZulu, odluliselwe ezizukulwaneni ngezizukulwane. Manje sesingakwazi ukuwedlulisa emhlabeni wonke sisebenzisa ezobuchwepheshe. Cabanga nje ubuciko, umculo nokunotha kolimi nemikhuba yesizwe isifundwa yinoma ubani noma kuphi emhlabeni. Ngale ndlela abanamasu okwakha amabhizinisi ngemisebenzi yezandla, lapho ngisho abafundi abasemakhaya bengakwazi ukuthola okufundwayo okutholakala kalula emadolobheni, yilokhu okulethwa ukuxhumana ngobuxhakaxhaka besimanje."




**Abafundi basePholela Special School babe nethuba lokudansela uNgqongqoshe nethimba lakhe.**






Ungqongqoshe uqhube wathi lo mbono ngeke waphumelela uma kungabi nohlelo lwamabomu okuhloshwe ngalo ukufukula abantu. Uthe uMnyango wakhe wezokuXhumana nobuChwepheshe uzoqinisekisa ukuthi wonke umuntu kuleli unawo amathuluzi afanele azokwenza baphumelele kulo mkhakha.

Uhlelo olubizwa nge-ZA Schools Digitisation Project and SA Connect, yilona uMnyango ogadla ngalo lapho izikole, abafundi nothisha nemiphakathi bazokwazi ukuthola amathuba. Ngokusho kukaNgqongqoshe, lolu hlelo alusho ukufakwa kobuchwepheshe ezikoleni, kodwa luhlose ukuletha izinguquko kwezemfundo.

"Inhlosongqangi ukuba wonke umuntu abe nekhono kwezobuxhakaxhaka banamuhla. Ngalokhu sakha izinsika zokuxhumana ngezindlela zamanje, siqiniseke ukuthi akekho osele ngaphandle.

Isikole iPholela ngesinye sezihlomule ngasekuqaleni kwalolu hlelo njengoba isizilawulela ubuxhakaxhaka ngokwayo egamen elithi "pholela-ss.school.za" namakheli othisha nabafundi kuleli gama. Manje sebekwazi ukwenza umsebenzi wesikole kalula ezinhlelweni ezifanele isimanje.

Kuvele ukuthi uMnyango unohlelo lokuthi kube nezikole ezingu-22 000 kuzwelonke ezithola igama elithi zona lokuxhuma amakheli, okwaziwa nge-domain name. Ngohlelo lwe-SA Connect, uMnyango usufake iWi-Fi ezizeni ezingu-135 okukhona kuzo izikole, imitholampilo, imitapo yolwazi, ngisho nasemarenki amatekisi. Konke lokhu kungaphansi kohlelo loMnyango ukuthi ufinyelele ku-80% wokuxhumana nge-internet ezweni lonke ngasekupheleni konyaka-mali ka-2024/2025.







# Khansela elisha eMkhandlwini waseHarry Gwala







**UKhansela Nqobizitha Mathe wemukelwe ngezandla ezimhlophe efungiswa eMkhandlwini kaMasipala weSifunda iHarry Gwala. IMenenja kaMasipala uMnuz GM Sineke noSomlomo weSifunda uKhansela S Mdunge, babeke amazwi anemfudmalo befisela leli khansela elisha okuhle kodwa ekusebenzeleni umphakathi.**

USOMLOMO kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela S. Mdunge, noyiMenenja kuMasipala uMnuz GM Sineke, babambe umhlangano oyisipesheli wokufungisa ikhansela elisha uNqobizitha Mathe we-EFF ehhovisi likamasipala eXobho. UMathe, osuka eGreater Kokstad Local Municipality wamukelwe, wahalaliselwa uSomlomo ekujiyineni kwakhe uMkhandlu weSifunda. Emukela uMathe, uKhansela Mdunge ucacise ngokubaluleka kokusebenzisana phakathi kwamaqembu ezepolitiki ekuqinisekiseni ukulethwa kwezidingo kubantu eSifundeni.  Leli khansela elisha lizoqinisa amaxhama phakathi komphakathi eliwumele noMkhandlu liphinde libe umlomo wezakhamuzi lizixhumanise neminyango efanele ngezidingo abazifunayo, kanjalo nokudlulisela yonke imilayezo efanele ezindabeni ezithinta abantu.  IMenenja kaMasipala, uMnuz Sineke, emukela ikhansela elisha uthe: "Awusazimele, ukuba lapha kusho ukuthi umele umphakathi. Sekunezinto ongeke usakwazi ukuzenza ngenxa yokuba semehlweni abantu nokuthi umele bona. Manje usulawulwa yilokho okushiwo abantu, usuzonakwa nalapho unyathela khona. Siyakubongela, futhi sikufisela inhlanhla." UKhansela Mathe, ngemuva kokuthatha isifungo sokuthi uzokwethembeka, uthe: "Ngizimisele ukwenza konke okusemandleni ukuletha umehluko, ngenze izinqumo ngokwethembeka futhi ngimele umphakathi ngobuqotho nangezifiso zabantu."

# IMeya ishayela ihlombe umsebenzi wamaphoyisa ngabaqothwa eHlokozi









**Umndeni wakwaKhambule ubuhanjelwe ubuholi bukahulumeni wesifundazwe, obeSifunda nobendawo ngemuva kwenhlekelele yokuqothwa ngesibhamu kwabayisikhombisa kuwo. Kwabokuqala abafika uNdunankulu uThami Ntuli ubephelezelwa iMeya yeSifunda uKhansela Z.D. Nxumalo nabanye abaholi. IMeya yaphinde yaphelezela uMphathiswa wezokuThuthukiswa koMphakathi uNkz Mbaali Shinga kwathi emngcwabeni kwafika owayenguNdunankulu obambile ngaleso sikhathi uNkk Thembeni KaMdlophe-Mthethwa. Sekukhona ababoshwa ngalesi sigameko.**

IMEYA kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela ZD Nxumalo usencome iminyakazo esheshayo yabezomthetho ngemuva kokuhlaselwa kubulawa abayisikhombisa bomndeni wakwaKhambule ezinyangeni ezedlule.

Isitatimende seMeya silandela ukuhambela kowayebambe njengoNdunankulu weSifundazwe, uNkk Thembeni kaMadlopha-Mthethwa owakhuluma enkonzweni yomngcwabo yalaba abayisithupha kwabayisikhombisa ababulawa ngesihluku eHlokozi, ngaseHighflats, mhla ka-11 Septhemba 2024.

Abayisithupha bakwaKhambule oBahlakaniphile (64), Nompilo (34), Phillie (39), Siphosethu (10), Yonelisa (10) noZemvelo (5).

UKaMdlopha-Mthethwa wayebambele uNdunankulu uThami Ntuli owayengaphandle kwezwe ezinsukwini okwakwenzeke ngazo lolu nya. Umngcwabo waba ngomhla ka-21 Septhemba khona eHlokozi kwathi umufi wesikhombisa wafihlwa eMzumbe mhla ka-19 Okthoba 2024.

Ngaphambi kosuku lomngcwabo, uNdunankulu uNtuli noMphathiswa wezokuThuthukiswa koMphakathi uNkz Mbali Shinga, bafakana amehlo nomndeni oshonelwe, lapho babehambisana khona nomeya uNxumalo.

Ukuboshwa kwabasolwa kwalandela inhlabamkhosi kaMkhatshwa lapho ayenxusa khona umphakathi ukuba usebenzisane namaphoyisa ukuze kubanjwe izigilamkhuba.

Ethula inkulumo, uKaMadlopha-Mthethwa naye wacela abantu bendawo ukuba basebenzisane nabomthetho ukuze kutholwa abenzi bokubi.

"Asenze konke okusemandleni ukuze kutholakale lezi zinswelaboya. Abantu abakwazi ukwenza ubulwane obunjena abafanele ukuba phakathi kwezakhamizi, kufanele bajeze kube nobulungiswa. Asenze iKwaZulu-Natal ibe yindawo ephephile ukuze sihlale sikhuleleke kuyo," kusho uNkk Madlopha-Mthethwa.

Eqhuba wathi: "Kuyasikhathaza ukuthi isifundazwe sethu sesivame ukuba nezigameko ezimbi kanje lapho kuvele kuqothwe abantu ngesihluku esesabekayo. Kuyasihlupha ukuthi ngempela usukaphi lo mkhuba wokuhlasela abantu babulawe bezihlalele emizini yabo. Kodwa ngeke sikhathale ukulwa nalesi sihlava size sisinqobe.

"Siyazi kubuhlungu emindenini nezihlobo kanye nomphakathi wonke, kodwa siyanxusa ukuba singaphindiseli. Asidedele amaphoyisa enze umsebenzi wawom siwalekelele ngemininingwane uma kukhona ulwazi esinalo," usho kanje.

UKaMadlopha-Mthethwa wabalula ukuthi uhulumeni wesifundazwe kungenzeka uhlele imbizo yokudingida ngobugebengu eHarry Gwala.




**Abasebenzi base-Harry Gwala District bebehlangene emkhankasweni wokulwa nomdlavuza webele ngenyanga u-Okthoba eyisikhathi sokuqwashisa ngalesi sifo. Bekwabelwana ngolwazi ngomdlavuza, izimpawu zawo nezindlela ezikhona zokuwelapha.**

# Ubumbano empini yokulwa NOMDLAVUZA

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala umise imisebenzi yansuku zonke isikhashana ngesikhathi kunomkhankaso wokuqwashisa ngesifo somdlavuza ngo-Okthoba emahhovisi kaMasipala eXobho.

Abasebenzi bebegqoke imibala ephinki njengendlela yokuhlonipha abaphila nomdlavuza nasebesindile kulesi sifo, kanye nokukhumbula asebedlule emhlabeni ngenxa yaso. Lokhu kuqwashisa kuphinde kwasetshenziselwa ukukhuthaza imizamo yokufundisa ngezinkoleloze ngomdlavuza webele.

Inyanga u-Okthoba ingeyokuqwashisa ngomdlavuza wamabele eNingizimu Afrika, kanti uMasipala iHarry Gwala wenze inhlabamkhosi ethi: "Asibambane kukhule ithemba, seseke abathintekile, sikhuthaze ukuyohlolela lesi sifo. Wonke umuntu uneqhaza angalibamba ekulweni nalo lonke uhlobo lomdlavuza."

UNkz Nomasomi Msomi, oyi-Chief Operations Officer (COO) eSifundeni uhambe phambili kwabebegqugquzela futhi efundisa abasebenzi ababekhona kulo mkhankaso ngezindlela eziningi zokuhlolela umdlavuza, amalungelo abo nokuhlolela ezinye izifo ngaso sonke isikhathi.

Weluleke ngokubaluleka kokuhlolwa njalo okungasiza kusheshe kutholakale kungakabi nomonakalo ukungenwa umdlavuza. Izazi zithi ukwelashwa kuba ngcono uma usheshe watholakala umdlavuza ungakachitheki kakhulu.

Lo mkhankaso wokuqwashisa wasungulwa umsebenzi weSifunds, uNksz Lamulile Hlengwa osebenza emnyangweni wakwandabazabantu, owasinda emdlavuzeni.

UNksz Hlengwa kwatholakala ukuthi unomdlavuza wegazi, eyaziwa nge-lymphoma cancer, ngo-2017, odokotela bathi usalelwe yizinyanga eziyisithupha ephila ngoba isifo sase sigxilile. Waqala ukwelashwa ngendlela ebizwa nge-chemotherapy, njengoba namuhla eseneminyaka eyisikhombisa engenaso lesi sifo.

"Ngiyindlovukazi yethemba, angivumelanga umdlavuza ukuthi unqume ngempilo yami. Ngasukuma ngemukela okushiwo, ngaqala ngezinyathelo zokulungisa impilo yami nge-chemotherapy. Ngingathi nje uma kukhona omaziyo onomdlavuza, meseke ngayo yonke indlela. Ukwesekwa engakuthola emndenini wami nakubalingani emsebenzini kungelinganiswe nalutho. Uthando lwabo lwenza umehluko omkhulu. Yilolu thando olwangelekelela ekusimameni kwempilo yami," kusho uNksz Hlengwa.










**Intsha yaseSifundeni i-Harry Gwala District yemukeliswe izitifiketi zokuphothula izifundo zokushayela iRoller-Ride. UKhansela S. Mdunge ubongele abathole la makhono angalekelela ukuba bakwazi ukuziphilisa.**

# Intsha yase-Harry Gwala ihlomule ngokuthuthukiswa kwamakhono

UMASIPALA weSifunda Harry Gwala uyiqale ngegiya eliphezulu inyanga yezokuvakasha ngesikhathi uSomlomo weSifunda, uKhansela Sibongiseni Mdunge, edlulisela izitifiketi zokukwazi ukushayela izigxishi entsheni ebikade iqeqeshwa.

Lo msebenzi uyingxenye yohlelo lokuthuthukiswa kwentsha ngamakhono, ebizwa ngeDistrict Youth Skills Development, nokuhloswe ngayo ukuthi kuhlonyiswe abasha ngamakhono angabasiza ukuba baqasheke ematohweni angavela.

Umcimbi wokunikezwa izitifiketi kwale ntsha ubuholwa uKhansela uMdunge, wethanyelwe nayizikhulu zeSifunda nabebezokwemukela izitifiketi abayishumi. Bangu-12 abebekulolu hlelo njengoba kuphothule abangu-10.

Ephawula kulo msebenzi, uKhansela Mdunge ubonge kakhulu abebeqeqeshwa ngokuba nobuhlakani. "Uma ubheka imuva lapho siqhamuka khona, kusobala ukuthi impilo ibisinda ekukhuleni kwethu. Ayengekho amathuna afana nalawa asinika amanye amathuba ahlukile. Kodwa ngiyajabula namuhla ukuthi namukela lezi zitifiketi. Kusobala ukuthi manje sekuzoba namathuba avulekayo ngenxa yokuthi asenihlome ngalokhu kuqeqesheka.

"Isimo sokusebenza sesithe ukuphucuka kunezikhathi zaphambilini njengoba sekunemishini esezingeni eliphezulu, ngaleyo ndlela lezi zinhlelo zibheke ekutheni silungele lesi simo esikuso ukuze siqasheke ezinkampanini zesimanje," kwenaba uKhanasela Mdunge.

USomlomo ubuye wagcizelela ukubaluleka kokuthi abasha bengami ndawonye, kodwa bakwazi ukuthola namanye amakhono nolwazi ngoba ubuchwepheshe buyakhula njalo, abumile. Omunye wabafundi uNkz Lumka Digashu unikwe

"Kukho konke sifisa ukubonga uMasipala iHarry Gwala ukusivulela leli thuba siyintsha," usho kanje uNkz Digashu.

Izitifiketi namalayisensi adluliselwe kulaba: B. Mazibuko, MH Radebe, MH Bekwa, N Maphanga, M Khubone, YC Dubula, LS Digashu, K Siyengo, AP Mbhele, NI Mbanjwa, NA Dlamini, no-N.D.N Didi.

# IMeya izishaya isifuba ngezintombi nto zase-Harry Gwala















**UMasipala weSifunda iharry Gwala namakhosi esifundeni bayaziqhenya ngezintombi ezazisemcimbini uSiyaya eMhlangeni. Izintombi zathola amazwi okuzikhuthaza enkulumweni yeMeya, uKhansela ZD Nxumalo ngaphambi kokuya eHlalankosi, KwaNongoma**

UKUFIKA koMkhosi woMhlanga kulethe okukhulu ukujabula kuMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala ngesikhathi ephathisa izintombi umphako weziyalo ngaphambi kokuba zithathe uhambo lwazo lokuya kwaNongoma ngenyanga yamagugu.

Lapha iSifunda besibungaza izintombi nezithunywa abebeya eMkhosini woMhlanga ngaphansi kwesiqubulo esithi "Siyaya eMhlangeni" emcimbini obuseBhekukuphiwa Primary, KwaNokweJa, ngaphansi kwenkosi uMsekeli Zulu.

Bezingaphezulu kuka-300 izintombi ezihlangane kulo mgubho zilungiselela ukuya eSigodlweni eNyokeni lapho uMkhosi omkhulu wawuzothatha izinsuku ezintathu kusukela mhla ka-13 kuya ku-15 Septhemba.

UMkhosi wanonyaka ubuhambisana nemigubho yokuhlangana kweminyaka engu-40 izintombi ziletha umhlanga eSilweni njengoba lo mkhosi wavuselelwa ngo-1984 ngaphansi kweso leSilo esabuza uMdlokombane.

UMeya Nxumalo uhalalisele izintombi ngokuzigcina ubuntombi bazo, wagcizelela nokuthi kumqoka ukuba ngalesi sikhathi zifunde zigogode ukuze zingathembeli kwabanye. "Ukuba seMkhosini woMhlanga kwenza ube nesithunzi, uhlonipheke uyintombi yakwenu. Siziqhenya kakhulu ngani. Nginikhuthaza ukuba nifunde, ningashalazeli isikole. Iziqu zemfundo yizo eziyokuqinisekisa ukuthi ikusasa lakho lilawulwa nguwe," kusho uMkhatshwa.

Inkosi uZulu eyayikulo mcimbi yavumelana nomuzwa weMeya ngokuthi izintombi ziyizimbali zezwe ngaleyo ndlela kumele zivikeleke. Inkosi yanxusa ukuba uhulumeni uqhubeke nokuxhasa imikhosi yamasiko ezindaweni zamakhosi.




**Abafundi baseSinevuso Secondary School bejabulela ibhasi lemigubho yeminyaka engu-30 yentando yabantu eHarry Gwala.**

# IHarry Gwala igubhe iminyaka engu-30 yeNkululeko kufika ibhasi lomjikelezo

UMASIPALA weSifunda iHarrywa Gwala ube sethubeni eliyingqayizivele lokuhanjelwa yibhasi elikhangisa ukuqeda iminyaka engu-30 iNingizimu Afrika ingaphansi kwenqubo yentando yabantu.

Leli bhasi eliyisipesheli liyingxenye yemibhiyozo ehlelwa abeSouth African Road Agency, bebambisene nohulumeni lapho kuhloswe ukugabisa ngempumelelo yokubuswa kwezwe ngentando yeningi nenkululeko.

Leli bhasi elinemibhalo ethi "30 Years of Democracy", libe nesitobhi eXobho ngaphansi kukaMasipala wendawo uBuhlebezwe mhla ka-3 Okthoba, okube yisithuba esiqondane nokwethulwa ngokusemthethweni kwenyanga yezokuthutha. Ibhasi lihamba zonke izindawo, kusukela emadolobheni amancane kuya kwamakhulu ngokomzila elikuwo.

Isitobhi saseXobho sibe ngesinye ezimqoka njengoba abafundi baseSinevuso Secondary bethole ithuba elingandile betetemuka ngalo beya emahhovisi amaphoyisa omgwaqo eBuhlebezwe. Lapha bathole isikhathi bexoxa namaphoyisa ezokuthutha ebafundisa ngemithetho yezomgwaqo, ebagqugquzela nangezokuphepha emigwaqeni nanokuthi uhulumeni usuhambe ibanga elingakanani ekuphuculeni isimo kwezokuthutha eNingizimu Afrika.

Abafundi baphinde bakhonjiswa ngomsebenzi owenziwa uMnyango wezimo ezibucayi, uBuhlebezwe Fire and Disaster Centre lapho bebonisiwe ngezindlela zokutakulwa kwabasezimweni zengozi. Lo mbukiso wenze abafundi baqonda kabanzi ngeqhaza lomnyango wezimo ezibucayi ekuhlengeni izimpilo zabantu. Bafundiswe ukuthi izizinda ezifana nalezi zakhelwe ukwenza ngcono impilo kubantu, ikakhulu njengoba phambilini lokhu kwakwenzelwa imiphakathi ethile, abamnyama beshiywe ngaphandle.

Ophethe ezokuxhumana kuhulumeni eSifundeni, uLindokuhle Chiliza, uthe: "Ukuhambela kwaleli bhasi lapha akukhona nje ukuzofundisa abafundi ngentando yabantu. Kungukubheka kabanzi ngebanga eselihanjwe yizwe selokhu kwafika ukubusa ngentando yabantu. Lo mjikelezo webhasi ezweni lonke kungubufakazi bokuthi sihambe kangakanani ekushintsheni izimpilo zabantu ngenxa yenkululeko. Lapha sibala ukulethwa kwamanzi ahlanzeile, ezempilo, imfundo, ingqalasizinda - konke okwakungabonwa nangokhalo phambilini.

"Lo mjikelezo uvula nenkundla yokuthi abantu bakhulume ngabakubonayo ekuphileni ezweni elikhululekile. Siyajabula ukuba yingxenye yomcimbi omqoka kangaka lapha eHarry Gwala.








**IMeya Z.D. Nxumalo, ohlelweni lomsakazo lapho yayikhuluma khona ngezindaba zokulethwa kwezidingo eSifundeni**

# IMeya yeSifunda eshashalazini ngezentuthuko eHarry Gwala

IPHUMELE eshashalazini iMeya yeSifunda iHarry Gwala, uKhansela ZD Nxumalo, ngesikhathi iphendula imibuzo ichaza nangezindaba ezithinta inhlalakahle kulo Masipala ngesikhathi isohlelweni Indaba lwe-Gagasi FM okushayelwa umsakazi wodumo u-Alex Mthiyane.

UMkhatshwa uthinte kakhulu udaba olusematheni kulezi zinsuku oluthinta ezamanzi kulandela isithangami i-District Water Indaba Strategic Session nezindaba ezimayelana nemikhankaso ye-Integrated Development Programmes (IDP) kanye nendaba yobugebengu ezindaweni ezingaphansi kwalo Mkhandlu.



Uhlelo lwegagasi olwalungomhla ka-25 Septhemba lwaba yinkundla evulekile lapho izakhamizi zaseHarry Gwala nabanye abalaleli balo msakazo bazizwela mathupha ngokwenziwa wuMasipala weSifunda baphinde baba nethuba lokubuza iMeya imibuzo ebahluphayo.

UMkhatshwa wanaba ngobumqoka be-Water Indaba esanda kwenzeka, wathi izisombululo zezingqinamba zamanzi zaphakanyiswa laphaya, futhi kumele kwakhelwe phezu kwazo.

"ISifunda iHarry Gwala saba nesithangami esimqoka kakhulu sezinsuku ezimbili lapho sadingida ngokujulileyo okungamafindo endleleni yokuletha amanzi kubantu ngendlela egculisayo. Lesi sithangami esasingoSepthemba sasilandela esinye esibe ngoJulayi. Wonke amakhansela amawadi ayemenyiwe ukuze izindaba ezithinta amanzi nenhlanzeko zaziwe ngokulethwa abamele iwadi newadi.

"Kukulesi sithangami lapho umasipala usukwazile ukuzihlela kabusha ngokuphuthuma kwezidingo zamanzi njengoba kwamenyezelwa isamba sika-R42 500 000 ukubhekana nezingqinamba ezindaweni ezahlukene mayelana nokuvikelwa kweziphethu zamanzi nokwakhiwa kwama-borehole (R30 000 000) nokuthengwa kwamaloli athutha amanzi amahlanu (R12 500 000)."

Kulindeleke ukuthi lezi zinhlelo ziqale zibonakale ezinyangeni ezintathu ezizayo, ziqedwe ungakapheli unyaka-mali ka-2024/2025, ngokusho kweMeya uNxumalo emsakazwenio iGagasi.

UMhlonishwa uNxumalo uphinde waqinisa idolo umphakathi waseHarry Gwala ngokuthi uMasipala awumile ezindabeni zokulungiswa kwezidingo nentuthuko.

Abaningi abashayela kulolu hlelo bazwakalisa ukuthakasela ukuphumela obala kweMeya nasekuvuleni umnyango wakhe kuxoxwe ngezindaba ezithinta intuthuko.

Naye uMkhatshwa wabonga kakhulu imfudumalo eyakhonjiswa umshayeli wohlelo uManelisi Ndwandwe owayebambe amatomu endaweni ka-Alax Mthiyane.

# IMININININGWANE NGEPHROJEKTHI YAMANZI - CREIGHTON WATER SUPPLY














**Igama lomsebenzi:** CREIGHTON WATER SUPPLY SCHEME – KUTHUTHUKISWA I-CENTOCOW WATER TREATMENT WORKS KUSUKA ku-1ML/NGOSUKU kuya ku-5ML/NGOSUKU.
**INOMBOLO YENKONTILEKA:** HGDM 821/HGDM/2022
**INOMBOLO YENKONTILEKA:** HGDM 821/HGDM/2022
**UMasipala wendawo:** Dr Nkosazana Dlamini-Zuma
Amawadi: Ward 05, 06, 08 no-14
**Izigodi ezizohlomula:** Creighton, Centocow, Khukhulela
Imizi ezohlomula; isibaklo sabantu: 2 940 (imizi); 1 2054 (abantu)
**Izinga lomsebenzi:**
**Usuku lokudluliselwa kwesiza:** 4 Ephreli 2024
**Uhlobo lwePhrojekthi:** Ukuthuthukiswa kwe-Centocow Water Treatment Works kusuka ku-1ML/ngosuku kuya ku-5ML/ngosuku
**Abanikazi:** UMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA
**Project Manager:** Mr Sibonelo Memela
**ISD Officer:** Nksz Yonela Masika
**Onjiniyela:** ZIMILE CONSULTING ENGINEERS
**Inkontilaki:** MAGNACORP 485 (Pty) LTD T/A FAKU CIVILS
**Uxhaso lwemali:** MIG

**Izindleko zomsebenzi:** R88 583 250.54 incl. VAT; kubalwa nezindleko ezingalindelwe.
**Isikhathi somsebenzi:** Izinyanga ezingu-18
**Usuku lokuwuqala:** 17 Ephreli 2024
**Usuku lokuwuqeda:** 30 Okthoba 2026 (Kuzoqinisekiswa ngohlelo lokwakha okuvunyelwene ngalo)
**Ubungako bomsebenzi:** Water Treatment Works kuya ku-5ML/D okubalwa kuwo lokhu okulandelayo:

- Ukwakhiwa kwe-Splitter box
- Ukwakhiwa kwethangi le-Sedimentation
- Ukwakhiwa kwesisefo senhlabathi nezinye izingxenye zalokhu.
- Ukwakhiwa kwethangi elikhulukazi elimumatha amanzi angu-1ML ahlanzekile
- Ukwakhiwa kwesuteshi esisha sesiphehli samanzi iCentocow neKhukhulela Pumpstation.
- Ukwakhiwa kwesithuthimanzi esithwala amanzi ahlanzekile eseyiswa emathangini amakhulu aseCentocow.
- Ukuvuselelwa kwengqalasizinda yokusabalalisa amanzi nezinye iziphehli ezikhona

**Ukukhethwa; umsebenzi we-PSC:** Amalungu angu-7 e-PSC asekhona futhi alekelela ngalokhu:

- Imihlangano yanyanga zonke yokubhunga ngomsebenzi
- Ukuxhumana nomphakathi
- Ukwelekela ngokuqasheka kwabantu
- Ukwelekelela ekukhishweni kwemisebenzi ezinkontilakini ezincane
- Ukuqinisekisa ukuthi abaqashiwe bakhokhelwa ngemfanelo kulandela umthetho


**Uhla lwemihlangano (Technical; PSC):** Ibanjwa nyanga zonke
Imigomo yokuqasha: Abafundi, CLO, Ongoti, Abazi umsebenzi, Abangebanamakhono, Abaphila nokukhubazeka nabasuka emiphakathini ebinganakiwe phambilini.

**Indlela yokuqasha nokudingekayo:** I-ISD izoqinisekisa nabe-PSC, ne-CLO Counsellor
**Imigomo:** Abasebenzi
**Imigomo yama-Sub-Contractors:** Ngokwenqubo ye-SCM.
**Izijeziso:** Uma inkontilaki yehluleka ukuqeda umsebenzi ngokwemibandela okuvunyelwene ngayo, ngale kwesizathu esamukelekile, kuzoba nesijeziso.
**Uma umsebenzi uba nogcobho:** Emuva kwezinyanga ezingu-12 kuqedwe umsebenzi akumele kube nenkinga
**Ukulethwa kwemidwebo yomssebenzi:** Imidwebo yama-plan egunyaziwe yanikezwa inkontilaki.
**Ukusayinwa kwamaphepha esivumelwano:** Konke sekwenziwe
**Imininingwane yezimpahla eya eHhovisi lezimali:** Izoshicilelwa ekupheleni komsebenzi
**Ukulethwa kwama-plans, ibhuku lenqubo:** Kuzokhishwa ngemuva kokuqeda
**Abasebenzi abadingekayo ekupheleni kwePhrojekthi:** Ithimba lakwa-Operations and Maintenance
**Indlela yokukhokhela abenza umsebenzi:** Ngokwesivumelwano
**Imininingwane mayelana nezizathu ezingenza abanikwe umsebenzi bangakhokhelwa:** Kusazoqinisekiswa
**Isikhathi senkokhelo:** Usuku lokugcina enyangeni

# IMININININGWANE NGEPHROJEKTHI - UMZIMKHULU RISING MAIN







**Igama lephrojekthi:** CONSTRUCTION OF BULK SEWER RISING MAIN AND PUMP STATION.
**Inombolo yenkontileka:** HGDM 760/HGDM/2022
**UMasipala weNdawo:** UMzimkhulu Local Municipality
**Amawadi:** Ward 16
**Izondawo ezihlomulayo:** Idolobha uMzimkhulu Town
**Imizi nesibalo sabantu:** 1 748 (imizi); 8 741 (abantu)
**Izinga lomsebenzi:**
**Ukunikezelwa kwesiza:** 4 Okthoba 2022
**Uhlobo lwephrojekthi:** UKWAKHIWA KWE-PUMSTATION YAMAPAYIPI AYIPI ATHUTHA INDLE NAMANZI, NAMAPAYIPI OKUTHUTHELA AMANZI EMATHANGINI
**Umnikazi:** UMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA
**Ophethe iphrojekthi:** Ithimba likaMasipala weSifunda iHarry Gwala
**ISD Officer:** Nksz Yonela Masika
**Unjiniyela:** ZIMILE CONSULTING ENGINEERS
**Inkontilaki:** SSR SECURITY T/A MAHLUBI PLANT HIRE
**Abaxhasi bePhrojekthi:** MIG
**Izindleko:** R49 177 000.26 incl. VAT; kuhlanganiswa nezindleko ezingalindelwe
**Isikhathi:** Iziyanga ezingu-18
**Usuku lokuqala:** 04 Okthoba 2022
**Usuku lokuqeda:** 26 Meyi 2024 (ngokwesivumelano)

**Ubungako bomsebenzi:**

- Ukwakhiwa kwepayipi elikhulu elithutha amanzi
- Ukulethwa, ukufakwa nokubekwa kwamapayipi ngokuphelele, afaswe aphinde avivinywe, asuswe ukungcola kulezi zikalo ezilandelayo:
- Rising Main pipeline - 350 mm diameter Class 12
- Rising Main pipeline - 355 Grade A Steel
- Ukwakhiwa kwe-Pumpstation entsha
- Ukwakhiwa nokufakwa kukakhonkolo ozomboza amapayipi epumpstation nama-sump
- Ukufakelwa kukagesi wakwa-Eskom, kuhlanganiswa nezindleko namandla.
- Ukufakwa kwe-pump kagesi esebenza ngo-630kl/hour
- Ukufakwa kwe-pump kagesi engu-45 kl/hour
- Ukufaakwa kwe-Substation (315kVA)
- Ukufakwa kwe-generator (300kVA)
- Ukufakwa kwama-valve (isolation, air, flow meters, and check)
- Ukufakwa kwe-control box kagesi
- Ukwakhiwa kwe-pump house, okuhlanganisa ama-valves, ama-flow meters,ama-pumps, nokwenza isicelo kwa-Eskom.

**Ukukhethwa; umsebenzi we-PSC:** Amalungu angu-5 e-PSC asekhona futhi alekelela ngalokhu:


- Imihlangano yanyanga zonke yokubhunga ngomsebenzi
- Ukuxhumana nomphakathi
- Ukwelekela ngokuqasheka kwabantu
- Ukwelekelela ekukhishweni kwemisebenzi ezinkontilakini ezincane
- Ukuqinisekisa ukuthi abaqashiwe bakhokhelwa ngemfanelo kulandela umthetho



**Uhla lwemihlangano (Technical; PSC):** Ibanjwa nyanga zonke
**Imigomo yokuqasha:** Abafundi, CLO, Ongoti, Abazi umsebenzi, Abangebanamakhono, Abaphila nokukhubazeka nabasuka emiphakathini ebinganakiwe phambilini.

**Indlela yokuqasha nokudingekayo:** I-ISD izoqinisekisa nabe-PSC, ne-CLO Counsellor
**Imigomo:** Abasebenzi
**Imigomo yama-Sub-Contractors:** Ngokwenqubo ye-SCM.
**Izijeziso:** Uma inkontilaki yehluleka ukuqeda umsebenzi ngokwemibandela okuvunyelwene ngayo, ngale kwesizathu esamukelekile, kuzoba nesijeziso.
**Uma umsebenzi uba nogcobho:** Emuva kwezinyanga ezingu-12 kuqedwe umsebenzi akumele kube nenkinga
**Ukulethwa kwemidwebo yomssebenzi:** Imidwebo yama-plan egunyaziwe yanikezwa inkontilaki.
**Ukusayinwa kwamaphepha esivumelwano:** Konke sekwenziwe
**Imininingwane yezimpahla eya eHhovisi lezimali:** Izoshicilelwa ekupheleni komsebenzi
**Ukulethwa kwama-plans, ibhuku lenqubo:** Kuzokhishwa ngemuva kokuqeda
**Abasebenzi abadingekayo ekupheleni kwePhrojekthi:** Ithimba lakwa-Operations and Maintenance
**Indlela yokukhokhela abenza umsebenzi:** Ngokwesivumelwano
**Imininingwane mayelana nezizathu ezingenza abanikwe umsebenzi bangakhokhelwa:** Kusazoqinisekiswa
**Isikhathi senkokhelo:** Usuku lokugcina enyangeni.

# Ukuqiniswa kwamaxhama kwabezokuxhumana nabezindaba eSifundeni iHarry Gwala






**Isithangami se-District Communicators Forum (DCF) saba yimpumelelo enkulu, lapho kwakudingidwa khona izindlela zokuqinisa ubudlelwano nabemithombo yezindaba nabezokuxhumana eSifundeni. Lo mhlangano wathola ukwesekwa iMeya yase-Kokstad uKhansela Lwando Madikizela.**

NJENGENDLELA yokuqinisa ubudlelwano phakathi kwemithombo yezindaba namathimba ezokuxhumana komasipala beSifunda, kubanjwe isithangami se-Harry Gwala inguyazana ngaphansi kwe-Harry Gwala Communicators Forum (DCF) lapho kuvele okuningi okungasiza ekufinyeleliseni izindaba ngezentuthuko kubantu.

Isithangami besimeme abamele abezindaba abasebenza ngaphansi kweSifunda iHarry Gwala ukuze kudingidwe ukuphuculwa kwezindlela zokusabalalisa okwenzeka kohulumeni bendawo esifundeni.

Lo mhlangano uthole ukwesekwa okuphelele ubuholi beGreater Kokstad Local Municipality (GKM), njengoba uvulwe uMeya kulo masipala uKhansela Lwanda Madikizela.

Emukela abebekulo mbuthano, uKhansela Madikizela ugcizelele ukubambisana phakathi kwabezindaba nomasipala, wabalula ukuzinikela kukahulumeni ekutheni abezindaba nabezokuxhumana basebenza ngaphandle kwezihibe, imibiko eya kubantu iphume ngesikhathi futhi injengoba injalo.

IMeya Madikizela ikushayele ihlombe okwenziwa yi-DCF ukubhekana nezinselelo abezindaba abahlangabezana nazo. Esinye salezi zinyathelo ukuthi kube nohla lwabezindaba baseHarry Gwala ukuze kwaziwe ukuthi kunenkundla eyodwa abatholakala ngayo kalula.

Lolu hla ngeke lugcine ngokusiza ukuhleleka kuphela kodwa luzolekelela nasekuphendulekeni kwabezindaba ngokushesha eSifundeni sonke. Kuphinde kwavunyelwana ngokuthi kube nenguyazana ezohlelwa ithimba le-DCF ezinyangeni ezizayo lapho abezindaba beyokwazi ukuveza ilaka labo ukuze bathole ukweseka ubuholi beSifunda, okubalwa kubo izimeya nezimenenja.

Ngokuqimnisa la maxhama okuxhumana, abe-DCF bayobe sebecabe indlela okuzohanjwa ngayo ekusebenzisaneni eSifundeni. Impumelelo yalokhu kubambisana ivula ikhasi elisha endleleni yokuqinisa ezokuxhumana eHarry Gwala nokwakha ukwethembana phakathi kukahulumeni nomphakathi.

Imithombo yabezindaba eyayimelelekile yilaba: The Kokstad Advertiser, abe-East Griqualand Gazette, abe-East Griqualand Post, Intsikayethu News, abePondo News nabomthombo Izwi Le Afrika.



UMBIKO NGEZINHLEKELELE

# Ukukhithika okungavamile eHarry Gwala

ABE-SOUTH African Weather Services (SAWS) bakhipha isexwayiso esishubile sika-Level 8 sezinkomba zokukhithika kweqhwa okwedlulele phakathi komhla ka-21 no-24 Septhemba 2024 ezingxenyeni zesifundazwe, kubalwa nezifunda iHarry Gwala, uThukela noMgungundlovu

Lezi zexwayiso ezaphuma kusenesikhathi zakhishwa esibambisene nabo nemiphakathi ezinkundleni zokuxhumana. Abezimo eziphuthumayo kuMasipala weSifunda nabezindawo, nabanye nabanye bomkhakha wokuqapha umonakalo, baqwashiswa ngesexwayiso sezulu elibi namathimba abo abesema ngomumo.

Lakhithika kwamhlophe wu izinkalo namagquma kuso sonke iSifunda iHarry Gwala komasipala bezindawo iDr Nkosazana Dlamini-Zuma, Greater Kokstad noMzimkhulu.

**1. UKUBUNJWA KWAMATHIMBA OKUSEBENZISANA**

UMasipala weSifunda iHarry Gwala wanele wathola isexwayiso sabakwa-South African Weather Services (SAWS) wahlala amagqozo wakha amathimba okubambisana nezinhlaka ezahlukene njengoMnyango wezokuThutha, abe-Road Traffic Inspectorate (RTI), abezimo eziphuthumayo i-Emergency Medical Services (EMS), uMnyango wezeMpilo, amaphoyisa, uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu nabeSouth African Red Cross.

**2. IMIGWAQO EYATHINTEKA**

- R617 kusuk e-Underburg kuya eKokstad
- N2 eHarding, kusuka eNgqumarheni kuya eKokstad
- Kusuka eNgqumarheni kuya eSingisi nasezingxenyeni zoMzimkhulu (Amawadi 1,2,3,4,6,8,10)
- R612 kusuka eDonnybrook kuya eBulwer

**3. IZIGAMEKO EZENZEKA**

- Kwaba nengozi eyodwa ku-R617, lapho kwaphazamiseka itekisi elalibheke ePort St Johns, Eastern Cape. Abagibeli belashwa khona endaweni yengozi, baqhubeka nendlela yabo ngoMgqibelo mhla ka-21 Septhemba 2024.
- Kwawa isihlahla emgwaqeni phakathi kwe-Kokstad neSwartberg. Abezimo zomlilo be-Kokstad Fire and Rescue basheshe basondela basisusa isihlahla.

**4. INQUBEKELA PHAMBILI NGAMAPHROJEKTHI AKWA-DISASTER MANAGEMENT NEMIGOMO**

- **Imininingwane nezokuXhumana**

UMasipala weSifunda iHarry Gwala usufake wathuthukisa indlela yezokuxhumana nokukhishwa kwemibiko yakwaDisaster Management. Kumanje iyasebenza futhi yiyo esetshenziswa uma kukhishwa abayizinhloli abasuke beyohlola umonakalo bese behlanganisa imibiko yanyangazonke.

Ama-SMS yiyona ndlela eseqhulwini esheshisa izexwayiso ngezimo eziphuthumayo. Ukusetshenziswa kobuxhakaxhaka uma kwenziwa lo msebenzi kwenza kusheshe umsebenzi wokudlisela usizo lapho ludingeka khona. Sekuqaliswe uhlelo olusha ngezobuchwepheshe besimanje bokuxhumana olusingethwe abophiko lwe-Disaster

Management ezingeni lesifundazwe.

Lolu phiko lusebenzisana nomkhandlu iCouncil for Science and Industrial Research (CSIR) ukusabalalisa lolu hlelo lokuqoqa imininingwane ngokushesha, luhlole inqubekela phambili nokubika izimo eziphuthumayo masisha.

Abophiko iDisaster Management Centre esifundazweni sebevele baphezu kwalo uhlelo ekuMasipala weSifunda iHarry Gwala. Abasebenzela lolu phiko bazodinga ukuba namathuluzi afanele njengamafoni esimanje (Android smart gadget) nama-data okuxhuma kwi-network.

- **Uhlaka lwenqubomghomo lwakwa-Disaster Management**

Isahluko 5, Isigaba 42 (1) sohlaka lwenqubomgomo yakwa-Disaster Management luthi kumele kusetshenziswe kusebenze le nqubomgomo kumasipala ukuze kuqinisekiswe ukufana kwendlela okubhekwana ngayo nezimo eziphuthumayo endaweni yakhe. UMasipala weSifunda iHarry Gwala wasebenzisa yombili inqubomgomo kazwelonke neyesifundazwe esimweni sawo.

Le nqubomgomo yagcina ukubuyekezwa, yamukelwa uMkhandlu ngoMeyi 2021. Kumanje uphiko lwakwa-Disaster Management lulunguselela ukubuyekeza uhlaka lwe-Disaster Management yonyakamali ka-2025/2026

- **Uhlelo lwe-Disaster Management**

Lolu hleeo lwagcina ukubuyekezwa ngoMeyi 2021 emhlanganweni woMkhandlu ngaleso sikhathi. Amaphrojekthi okunciphisa izinhlekelele nezinhlelo ziyacaciswa kulolu hlelo, nokuvivinya ukuvikeleka noma ukugwemeka kwezinhlekelele ezenzekile noma ezingenzeka bese kulungiswa isabelomali sokubhekana nalokhu. Uhlelo olusha luzobuyekezwa kahle ngonyakamali ka-2025/26.

**5. ISIPHETHO**

Ithimba elibhekele izinhlekelele kuMasipala nomasipala nezindawo bayaqhubeka nokuhlola isimo ezindaweni ezisebungozini. Omasipala ezingeni leSifunda nabezindawo babambisene neminye iminyango njengoba belokhu umonakalo uma wenzeka noma ongase wenzeke.

UMLAYEZO WEMEYA

# Umlayezo woSuku lokuBuyisana kaMhlonishwa uMeya weSifunda iHarry Gwala, uKhansela ZD Nxumalo



UMhlonishwa, uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo

‘Ukubuyisana yinto ethinta umoya, okudinga okungaphezulu kokuthi umthetho uthini. Kuyinto okumele yenzeke ezinhliziyweni nasemiqondweni yabantu."
Lawa ngamagama ashiwo owayenguMengameli wakuleli uMnuz Nelson Mandela. Amazwi afanele lawa ukuba abe semlayezweni woSuku lokuBuyisana, uDisemba 16. leli holidi laba semthethweni kusukela ngo-1995 ngemuva kokuphela kobandlululo, inhloso enkulu kube kungukusimamisa ukubuyisana nobumbano kuzwelonke.

Ngiyafisa ukuthi ngaalo mlayezo ngikhumbuze izakhamuzi zeSifunda sethu iHarry Gwala ngokuthi lolu suku lujule kakhulu ngoba ngalo sikhumbuzana ngobumqoka bokuqhubeka nokwakhela esisekelweni esaqalwa abaholi abafana noMadiba, abalwela ukuba sihlale ndawonye ngokuzwana nangokwamukelana.

Maphakathi nonyaka izwe lethu libe nolunye ukhetho olube yimpumelelo, nolube nemiphumela eyaphoqa ukuba amaqembu ahlukahlukene asebenzisane ukubhekela izidingo zabantu, kungakhathalekile ukuthi uyiliphi ibala noma uvelaphi.

Kumele njalo, njengabantu bakulesi sifunda, sikwazi ukuphilisana ngale kokubuka ukungafani kwethu. Izindaba ezidinga ukuba sibuyisane ngazo azixhumile ekutheni siyiliphi ibala noma umlando wethu uthini, kodwa zithinta umbono weSifunda sethu, owesifundazwe nokazwelonke.

*Nginifisela uSuku oluhle lokuBuyisana.*





# INJABULO KUVULWA ESIKASHAKA












**Lugcine lufikile usuku olwalubhekwe ngamehlo abomvu ngesikhathi kwembulwa umfuziselo weSilo saKwaDukuza, mhla ka-7 Novemba 2024. Lo mcimbi wawusingethwe uhukumeni wesifundazwe iKwaZulu-Natal ngaphansi kobuholi bukaNdunankulu uThamsanqa Ntuli, ubambisene nohulumeni kazwelonke neNdlunkulu kaZulu. UMengameli wezwe uMnuz Cyril Ramaphosa neSilo uMisuzulu kaZwelithini bebeyizihambneli eziqavile kulo mcimbi obuhanjelwe nayiMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala uKhansela Zamo Nxumalo. Le ngqophamlando yomcimbi ibihlonipha iSilo uShaka kaSenzanghakhona, umbumbi wesizwe samaZulu owaba nobuhlakani bokwakha umkhumbi wempi othathwa njengovelele kunayo yonke emlandweni we-Afrika eseNingizimu.**


# Amadoda nomkhankaso wokushiya ibutho lika'Felaphakathi' eHarry Gwala












**Amadoda eSifundeni iHarry Gwala aphakamisa izandla zawo ethi nawo anamalungelo. Lo mkhankaso waba nedumela emadodeni ayezifikele mathupha kuwo.**

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala muva nje uhlele umkhankaso wokugquugquzela amadoda ukuthi ahlukane nokugqumela ngaphakathi izinkinga, asondele ezinhlakeni ezingaba wusizo uma kukhona abhekene nakho.

Lo mkhankaso uhlose ukuthi abesilisa bangagcini bezithola becindezelekile emoyeni ngoba kuthiwa "indoda ayikhali, ifela ngaphakathi" ngoba enamahloni okuveza okuwakhathazayo.

Umkhankaso weSifunda uqale ngemashi ebiseXobho, isuka eKhemisi emgwaqeni uMargaret Main

Street yaphelela ePeace Initiative Hall,iholwa abomthetho bomgwaqo ngaphansi kukaMasipala wendawo uBuhlebezwe.

Ngemuva kwalokho kwaba nokungqumuza lapho kwakuqwashiswa ngezinto ezithinta ezempilo zabesilisa, ezothando, udlame nangokudlanga kokwebiwa kwemfuyo endaweni.

Lolu hlelo lwenziwe ngokubambisana noMasipala wendawo uBuhlebezwe, uhlaka lweFanelesibonge Development Agency, abe-South African Police Service (SAPS), uMnyango wezeMpilo nowokuThuthukiswa koMphakathi kanye nabeVukuzithathe

IMeya yeSifunda, uKhansela Zamo Nxumalo, ithe ukukhula kubonakala ngokuthi indoda ibhekane nezimo ezinzima kodwa okumele ikhululeka ukuzixoxa nabanye.

UMkhatshwa uthe namadoda angabantu njengabanye, ayafikelwa yizimo zomphefumulo nalapho kumele akwazi ukubhekana ngqo neqiniso, asukumele ukulungisa abhekene nakho.

"Ukuphumela obala, siyeke ukuba yibutho likaFelaphakathi kusiza ukudlulisa isimo esingalimaza umoya wakho, nomndeni nabaseduze nawe. Kumele sikuvame singamadoda ukumela isithunzi sethu ngokuthi siphikisane nodlame lobulili, kube yithi phambili ekugwemeni izimo lapho izithandani zigcina zibulalana emiphakathini yethu," kusho uMkhatshwa.

Amadoda abe nethuba lokuvula izifuba ngezinselelo ezikhona emiphakathini, kwavunyelwana ngokuthi kumele kukhulunywe ngazwi linye ekuqedeni isihluku esibhekiswe ezinganeni nabesifazane. Kuphinde kwelulekwana ngokuzinakekela ngakwezempilo, nokuba obaba abaqotho abakholwayo.

Lesi sithangami senziwa minyaka yonke ukuze kutholakale izithombululo ezinkingeni ezithinta umsebenzi, ekhaya nasemphakathini ezingadala ukuthi amadoda avalele ulaka ngaphakathi.




















**Kuguga Othandayo! Babesho njalo ngemidlalo yasebekhulile ababezomela iSifunda emidlalweni yesifundazwe.**

IMIDLALO yabantu abadala ehlelwa uMnyango weZemidlalo, Ubuciko namaSiko oholwa uMphathiswa uMntomuhle Khawula KwaZulu-Natal, ibihanjelwe yizifunda ezahlukene kamuva nje. Kule midlalo uMnyango wezemidlalo usebenzisana neHhovisi likaNdunankulu, uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi noweze Mpilo nomasipala.

UMasipala weSifunda iHarry Gwala ungezinye zezifunda ebezizibandakanye nale midlalo enedumela kwasebekhulile njengoba abaningi bethola ukuzivocavoca ngayo ukuze belwe namahlalakhona. Imidlalo ezingeni lesifundazwe ithathe izinsuku ezintathu eMandeni, ngaphansi kukaMasipala weSifunda iLembe.

IMeya yaseHarry Gwala, uKhansela Zamo Nxumalo, noSomlomo uKhansela S. Mdunge nezikhulu zomasipala abangaphansi kweSifunda bebenze umcimbi wokufisela ababemele iHarry Gwala emidlalweni yesifundazwe, nokuyilapho bakhuthazwa ukuba bajabulele imidlalo njengoba ezokuphepha zazibhekelwe ababebaphelezela.

Izaguga zakujabulela kakhulu ukuba kule midlalo, lapho bakwazi ukungenela imidlalo eyahlukene okubalwa kuyo ezokusubatha, ukuhamba njengedada, ukuphaselana ibhola, ukukhahlelela amapali neminye.

Le midlalo eyaziwa ngama-Golden Games ingenelwa abaneminyaka engu-60 nangaphezulu, Inhloso yayo enkulu eyokuthi abantu abadala baqhubeke nokuthakasela impilo, bangahlali ndawonye ngaso sonke isikhathi.

IMeya uKhansela Nxumalo waxhaza nakabanzi ngokuthi nemizimba yabantu abadala iyasizakala, bangavumeli izifo zibadondobalise.

"Le midlalo yithuba elihle kakhulu nasekwakheni ubuhlobo, bathole nokuxoxa ngezinselelo ababhekana nazo nezixazululo," kusho uMkhatshwa.

